



health

Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

Inside this issue:

PHILA MAH	1
OPERATION MBO	2
UKUHLOLWA KWAMEHLO	3
IVIKI LE PHARMACY	4
UKUBUKEKA	5
USUKU LOMAMA	6
USUKU LOMAMA NGEZITHOMBE	7
PHYSIOTHERAPY	8
EZEMIDLALO	9
USUKU LAMAGUGU	10
USUKU LAMAGUGU	11
UMXHUMANISI	12

Ezasemhlangeni - Patient newsletter

October 2013
Volume 1, Issue 1



Izincom ezi suka kumphakathi

Ngithanda ukudlulisa ukubonga kwi Staff sase Rietvlei hospital because of the treatment I got. they are so Friendly and helpful. I am much impressed about this hospital. Thank you all the staff and Dr Pillay. I was so sick when I came but now I'm better. Keep up the good work

From Ntomizethu Mfeka Highflats

Ngicela ukuncoma abapheki, kumnandi ukudla kwabo, bahlenzekile. Bapheka ukudla okunama Veg. Amawodi akhona namathoyilethi. Qhubekani nomsebenzi omhle.

Ivela ku Anonymous

Ngizwakalisa ukubonga okukhulu ngempatho engiyitholile kulesi Sibhedlela. Lapha kutholwe isifo ebebengasitholi kwezinye izibhedlela. Ngincoma oodokotela ngokuzihlapha
From L. Shazi

Philah MAH

Isibhedlela iRietvlei enyameni ka Ntulikazi enyakeni 2013, Savakashela indawo yakwa Simon ngaphansi ko Mzimkhulu . Injongo yalolusuku wukufundisa ngezempilo nokuqwashisa abantu ngezifo ezahlukene. Ngalolusuku abasebenzi base Rietvlei bakuqinisekisa ukuthi abantu bazozithola zonke izidingo zabo kwezempilo ezitholakala uma uvakashele esibhedlele. Kwakukhona ukuhlolwa kwesifo sofuba(TB) ukuhlolwa kwashukela (Diabetics), ukuhlolwa kwegciwane isandulela ngculazi, uhlelo lokuhlela umndeni ko mama (Family Planning) , ukuhlolwa kwezifo esezithe chithi saka, isifo **somdlavuza** (Breast Cancer) , Ukufundiswa komama ngokubaluleka kokuncelisa (importance of breast feeding) ukuhlolwa amehlo (eye screening) ukugoma (immunisations ,MUAC)

Umpathi wama nesi emhlangeni (Assistant Nurse manager) u Miss Nompila , ngumququzeleli omkhulu waloluhlelo. Isifiso sakhe ukubona umama nomtwana wase Mzikhulu bephila kahle. Kunohlelo alwenzile ukuzama ukufikelela kuzo zonke izindawo zase Mzikhulu ezisemaphandleni. Kulomkhankaso ka Phila mah kusetshenziswa izikole, nezinkulisa kunye namaholo omphakathi ukufikelela ebantwini.



Miss N Nompila
Assistant Nurse manager
Maternity & Peads

*Siyixoxa ngezithombe-
Services offered : Phila
Mah*

Sihlola HIV

Sihlola amehlo

Sihlola I TB

Sihlola I BP

Sihlola I BP



Ngalolusuku umnyango wezempilo uhlangene neminye iminyango esizana nomphakathi kwazulu Natal kwahanjiswa intuthuko endaweni yakwa Mthwane ngaphansi ko Mzimkhulu. Isibhedlela iRietvlei sasihambise izinhlelo zezempilo nosizo olumayelana nokwenza impilo ngcono kanye nokubambisana nompha-

Inhloso ngalolusuku ukusizana nesizwe Kwazulu Natal ngesimo sezempilo . Umqhuqhuzeleli kumbe umsunguli walolusuku umnyango wezokuhlala kahle, nawo wawulethe intuthuko kumphakathi wakwa Mthwane. Ngalolusuku isibhedlela Rietvlei sisebenza ngokukhulu uluzibhanda sibhanda sibhanda chuzela

sishintsha izimpilo zabantu



Isibhedlela I Rietvlei sizinikezele ukuphucula impilo yasekhamuzi zase Mzimkhulu. Njalo uma kuqala inyanga abantu abasuka kuzozonke izindawo ezakhele Umzimkhulu bavakashela lesisibhedlela ukuzothola usizo lokuhlolwa kwamehlo. Ithimba lase Rietvlei Esibhedlela lizinikele ukuqinisekisa ukuthi akukho sakhamuzi saseMzimkhulu esizoilholwa ngenduku ngoba sinenkinga yamehlo okanye singaboni . Loluhlelo lumahala . Abantu abanenkinga bayahlalelwa izimoto zokuhamba zibase Esibhedlela ukuyothola usizo, Zibathola emakliniki angakubo aseduze. Kusemqoka ukuthi abantu abadala abazekuloluhlelo baphelezwe ukusuka emakliniki anagakubo.

Uma bezalokhethela bafika usuku olungaphambili ukwandulela usuku abozokongulwa ngalo. Injongo yokufika kwabo usuku olungaphambili kokwengulwa , kufuneka bahlolwe Obp noshukela. Udokotela owongulayo uyena ikhipha isinqumo sokuthi isiguli sizohlizwa noma cha , ebuka isimo sesiguli ngasinye. Njalo ngenyanga kufika ochwepheshe kwezokwengulwa kwamehlo .



Pharmacy Week

Yazi ngemihlanguzo yakho!

Ukusukela kumhla ka 1-8 September 2013 isibhedlela sase Rietvlei sasigubha iveki lokufundisa abantu abasebenzisa lesibhedlela ngemishanguzo eziwasebenzisayo. Leliveki lasungulwa wumnyango wezempilo lubekelwe ukuqwashisa abantu okaye iziguli ngemishanguzo.

Isibhedlela sase Rietvlei sigubhe lelisono ngokufundisa abantu ngemishanguzo abayisebenzisayo. Ngaleliveki abantu abavakashele isibhedlela sethu bathole ulwazi ngokubaluleka kokwazi imishanguzo oyisebenzisayo. Abasebenzi base khemesi yasesibhedlela bakugcizeleli ukubaluleka kokwazi imishanguzo/imithi, akubalulekile ukwazi igobhoza ngoba lingashintsha noma yinini. Okunye okwakubalulekile ngalelisono ukuqwashisa iziguli ngobungozi bokusebenzisa imithi ekhishelwe omunye umuntu. Abantu belulekwa ngokuvakashela izikhungo zezempilo khona bezothola imithi ebalungele. Kwakuchazwa kabanzi ngemivuka yamapilisi nemithi, noma wenzenjani uma uhlangana nemivuka.

Abantu banikezwa ithuba lokubuza imibuzo umabengaqondi. Abasebenzi basesibhedlela banethembe lukhothi leliviki libafundisile abantu ngokubaluleka kokusebenzisa imithi nama philisi abawanokezwe abezempilo.

MORE PICTURES ON "PHARMACY WEEK"



IGUMBI ELISHA LABANTWANA




Isibhedle rietvlei siqhamuke nesu lokushintsha indlela ekubukeka ngakhona igumbi lezingane, leligumbi lizoba nemidwebo odongeni ukuze zonke izingane zikwazi ukubona imidwebo isizathu salokhu ukwenze isibhedlela sethu sibukeke singcono kunezinye izibhedlela kanti futhi kuyakholakala ukuthi labasebenzi abasebenza ngezo kuxoxa emzimbeni womuntu ,bathi loluhlelo lizo siza izingane zikwazi ukuxoxa zisencane. Okunye okuwushintsho ukufaka izinsiza kudlala(amathoyisi) kuleli gumbi elibukeka ngendlela ehlukile ,kunegumbi lakuqala lezingane. Lokhu kuzosiza izingane ukuthi

Igumbi lezingane selibubekeka lilisha kwazise phela sekunemidwebo emihle eyimibala ehluka hlukeno lokhu kwenzelwa izingane ukuthi ziyazi imibala kanti futhi lemidwebo eyezilwane zase ningizimu Afrika ezidle ngukuba zinkulu. enye into ewu shintsho kuleligumbi



Sigubha Usuku lomama!



Isibhedlela I Rietvlei Dis-
ma ngomhla ka 16 August
Rietvlei babenosuku
ezinye izisebenzi zal-

da. Lomcimbi wawenzelwe esibhedlela emhlangeni ekuseni ngalolusuku, ukulenza lolusuku luhlale njalo emicabangweni yabantu besifazane kulesisibhedlela ukwenzelwa itiyi eliphambile abantu besilisa. Amadoda alesi sibhedlela abamangaza nge surprise cake ethengwe ozakwao besilisa. Injongo yalolusuku ibicacecha, “Hlonipha, unakekele umntu wesifazane oseduze nawe njalo”. Lolusuku lwabusiwa ubukho bukamfundisi Nzama wase Harding Christian fellowship church. Umfundisi uyicjae yasobala indaba yokubaluleka komuntu wesifazane, nokuziqhenya ungumuntu wesifazane..

trict sigubha usuku loma-
2013. Omama base
olumnandi betatayiswa
wsibhedlela ezingamado-

Isikhulumi esiphambili ngalolusuku kwakungu Ms Nobuhle Nkabane Regional ANC Chairperson for the youth League. U Ms Nkane wayehambisana no Councillor u Msibi wase Ward 16 lapha e mzimkhulu. Ms Nkabane usebenzile njenge Youth coordinator for Sisonke District. Manje usesebenza nje Customer care manager yase Sisonke District. Ms Nkabane uqale inkulumo yakhe ngokuchaza kabanzi ngezinqinamba zabantu besifazane bamandulo. Ukuchazile okuyizinqinamba zabesifazane banamhlanje owukudicilelana phansi. Ubanxusile bonke abesifazane ukubambisana nokulwa ukudicilelana phansi. Ukuchazile ukubaluleka kokuxhasana nokubungazana.

Women's day –Ixoxwa ngezithombe

Cl Nkabane addressing an audience



Nedbank representative address-



Pastor Nzama empowering wom-



Male staff delivering speech to all women



Cutting of a cake by women



Mrs Nqopiso delivering a speech



YAZI KABANZI NGABELULEKI BETHU



Abeluleki besibhedlela I Rietvlei bazinikezela ukushintsha izimpilo zeziguli zonke ezakhele lesisibhedlela. Banzinikele ekunikezeleno bonke abantu ithuba lokuphila impilo efana naye wonke umuntu. Bonke abantu badinga usizo lokwelulekwa kulomnyango , baqala e OPD beyokwenza amakhadi abo. Benziwe lonke uhlolo olwenziwa abntu abzekubona udokotela e OPD(VITAL SIGNS). Ukuhlolo olwenziwa e OPD, yi BP, uhlolo lwegazi, ngaphambi kokuba bayekubeluleki(PHYSIO) . Uma isiguli sifika kulomnyango umeluleki uzodinga incazelo ebanzi kwisiguli ngaphambi kukuba asisize. Lomnyango unabeluleki abhlukene, kukhona umluleki ngezokuthetha (speech therapy) occupational therapy, nomluleki wokuva(audiologist). Lababeluleki batholakala nsuku zonke zeviki, umsombuluko kuya kulwesihlanu.

Umeluleki wezokuthethe, uthi iziguli ezidinga lolusizo ezisuka ekhaya zifika kanye ngenyanaga. Ezisesibhedlela zifika kabili ngenyanaga. Isizathu salemigomo ukubheka ukuthi isiguli siyasizakala yini noma kufunelka ezinye izindlela zokusiziza.



SPORTS



RIETVLEI NETBALL TEAM



Rietvlei hospital netball team won a new kit and ball when they were playing with other government institutions under Sisonke district, the sponsor for this day was "old mutual". Our netball girls played very hard on this day showing the importance of having sport in the working place, we would like to thank them for their hard working and keeping a good reputation for the hospital. See on a picture girls on their new



OUR FOOTBALL TEAM



ISIKO LAMI, YISIKO LAKHO, MAZIBUYE MASISWENI



Left: MRS Keswa (CEO), Right Mr. Khu-



Mr Kahninda (Doctor) drinking zulu beer

Mhla zingu 10 enyangeni ka okthoba isibhedlela Rietvlei sasigubha amasiko ukukhombisa ukuziqhenya ngamasiko ethu esintu , nokuwathanda amasiko ethu.ngalolusuku abasebenzi ngobuningi babo babeqhoke imvunulo ngokuhlukahlukana kwamasiko abo.ngibala wena mXhosa, mSutho, mVenda,Bhaca,Mpondomise zazisina zidedelana kumnandi kudelile, ngalolusuku kwakukhona isihambeli sethu umama Mahloba wezamasiko namaciko yena wagcizelela ngokubaluleka kwamasiko wakwenza kwaqhama ukubaluleka kokukhumbula imvelaphi yethu.izidlo zalolusuku kwakuyizidlo zesintu ngibala wena madumbe, uphuthu lobhontshisi,sijingi,sigwamba,kabishi,mahewu, utshwala besizulu, inyama ulusu.bhatata eyi ngingabala kuse emnyango kona lolusuku kwaba usuku olubaluleke kakhulu kubasebenzi base Rietvlei.uma ngiphetha nje ngalo usuku lwamagugu kwaba nomncintiswano lapho kukhethwa oqhoke imvunulo yakhe ngokuphelele futhi ozaziyo izibongo nezithethe zakhe. **USHINDINDI KUPHELA !!!!!**





IZIDLO ZOSUKU





omxhumanisi

Own this publication by sending your comments and suggestions to The Public Relations Officer .

Rietvlei District Hospital

Private Bag X 501

Strafford Post

Via Portshepstone

Phone: 039-2605274

Fax: 039-2600019

Email: pumla.mba@kznhealth.gov.za

Great greetings to everyone reading this publication, my name is Ziningi Mtolo born at a place called UMzimkhulu , I obtained my matric on 2009 currently doing my 3 year diploma in Public Relations at Ioesa college (Durban.) I'm an in-service trainee here at Rietvlei for a period of 4 months to make up my experiential learning so I will graduate. I would like to thank all staff at Rietvlei Hospital they real gave me a warm welcome ,being at Rietvlei became a benefit to my future because now I know how to work with different people , forgetting my supervisor would be a big mistake WOW what a good , great ,lovely supervisor I ever